

UKUSEKELA UKUFUNDA EKHAYA

**Le ncwadi yenzelwe abazali nabanakekeli
bezingane ezincane**

Ibhalwe nguBrigid Comrie

Iguqulelwe esiZulwini nguKhethiwe Marais, Masihlangane Communications



Imidwebo nguHelga Hoveka

wordworks

transforming lives through literacy

© 2013

Okungaphakathi

- 1 —— Ukufunda ngolimi lwasekhaya kanye nolimi lwesibili
- 2 —— Ukukhuluma nokulalela
- 3 —— Ukuxoxelana izindaba
- 4 —— Izindaba namabhuku
- 5 —— Imidwebo kanye nokuqala ukubhala
- 6 —— Ukuzenzela amabhukwana enu amancane
- 7 —— Imibhalo eniyibonayo
- 8 —— Amaletha (onobumba) kanye namagama
- 9 —— Izigi kanye namaculo
- 10 —— Imidlalo yokulalela
- 11 —— Ukuzwu kahle
- 12 —— Izibalo (maths) zimnandi – umhlaba yiklasi lethu
- 13 —— Izinombolo eziwusizo zokuxhumana kanye nemithombo yosizo

1

Ukufunda ngolimi lwasekhaya kanye nolimi lwesibili

Izingane ziyakujabulela kanti futhi ziyakwazi ukufunda ulimi olungaphezulu kolulodwa.

Ezinye izingane zikhula emindenini ekhulumu izilimi ezimbili. Kumazinga aphansi okuqala isikole, kungcono ukuthi izingane zifunde ngolimi lwasekhaya. Ukwazi kahle ulimi lwasekhaya kuyisisekelo esiqinile sokufunda olunye ulimi lwesibili. Izingane kuwo wonke umhlaba, zifunda nokwazi ukubhala izilimi ezimbili.

2

Ukukhuluma nokulalela

Izingane zifunda ulimi ekhaya kanye nasemphakathini.

Zifunda ngokulalela, ukukhuluma kanye nokudlala nabanye.

Imibuzo isiza izingane ukufunda kakhulu.

Khuthaza ingane yakho ukukhuluma kanye nokubuza imibuzo. Yenza ingane yakho ibone ukuthi uyunakile nokuthokozela ekwenzayo: lalela kanye nokuphendula.

Mama, bheka ngitholeni

Awu kwakuhe!
Uthole inkwindi
(ugobhozi).
Ulutholephi?



Khuluma ngezinto ozibonayo, etekisini, esitolo kanye nakwizithombe noma komagazini. Yazi ukuthi ukwenza amaphutha yingxene yokufunda. Ngakhoke musa ukulungisa amaphutha ezingane njalo lapho zikhuluma – izingane zifunda ngokulalela lapho ukhuluma.

Khuluma nangemizwa futhi.: “Ngizizwa ngi ngoba”



Ngijabulile



Ngingedwa



Ngithukuthele



Ngijabhile

3

Ukuxoxelana izindaba

Xoxelanani izindaba kanye nokulalelana. Izingane ziyakuthanda ukulalela izindaba ezimnandi ngeminden i yazo. Lezi zingaba zindaba ngawe lapho usakhula noma lapho izingane zakho zisezincane kakhulu. Khuthaza izingane zakho ukuxoxa ngohambo lwazo lwesipesheli, izinto ezizenzile kanye nezinto ezizjabulisayo, ezizjabhisayo noma ezipethusayo. Lezi zindaba zeingane zakho kungaba yisqalo sebhukwane lengane.



Ungaxoxa izindaba zezinto ozifisayo, izinto ezithokozisayo, izinto zamahlaya kanye neziyimpiciswano. Hleka nengane yakho, kodwa ungayihleki – thokozani nonke.



4

Izindaba namabhuku

Izingane ziyakuthokozela ukubuka amabhuku, ukulalela kanye nokukhuluma ngezindaba kanye nokuxoxa izindaba zazo. Amabhuku asiza izingane ukufunda ngezinto ezehlukene. Ngokufunda nonke kanye nokukhuluma ngenikufundayo, izingane zingafunda:

- Ukulalela kanye nokugxilisa imiqondo
- Amagama amasha kanye nokuningi ngolimi
- Okuningi ngazo, imizwa yazo kanye nomhlaba ozizungezile
- Ukcabanga! Isibonelo – Kungenzekani uma Noma ngabe ucabanga ukuthi kuzokwenzekani manje?
- Ukukhumbula imininingwane yendaba nokuthi kwenzekani endabeni ngokulandelana kahle kwezinto
- Ukuthanda amabhuku kanye nezindaba



NGINIKE AMABHUKU NGINIKE IZIMPIKO ZOKUNDIZA!

Yenza ukuthi isikhathi sezindaba sibe yinto oyenza nsuku zonke. Ogogo nobhuti abadala nosisi bangafundela ingane izindaba noma bayioxele indaba. Vakashela ilayibrari kanye nokwabelana ngamabhuku nabangani bakho. Khuluma ngezindaba kanti ungafunda nokubuza imibuzo.



5

Imidwebo kanye nokuqala ukubhala

Khuthaza ingane yakho ukudweba. Zinike isikhathi nendawo yokudweba. Khuluma ngemidwebo KODWA ungayihleki imidwebo yengane noma ukuyigxeka (ukuyisola).



Khuthaza ingane yakho ukudlala-dlala ngokubhala – “Awuzame!” Izingane zifunda ngokuzama, ukulinga noma ukuphrakthiza. Ukusukela izingane zisezingcane, kumele ziqondisise ukuthi ukubhala kubalulekile kanti futhi kunenhoso. Ukuqala ukubhala kungabukeka njengokudlala-dlala (ukuskribhlisha), yindlela okuqala ngayo – khuthaza ingane kanye nokuthi nibhale nonke.

Ungakhuthaza ingane yakho ukwenza okulandelayo:

- Dweba kanye nokubhala ngezinto ingane ezibonayo nezizwayo
- Nikeza amagama kwimidwebo kanye nokufakela ama-bubble amagama
- Fakela amagama ezintweni zabantu abahlukile
- Yenza uhla lwezinto ezifana nezinto ezizothengwa, noma uhla lwabangani
- Bhala ukuxhumana – bhala imilayezo kanye nezincwadi ubhalele izingane zakho kanye nokuthokozela izincwadi ezibhalwa zingane

6

Ukuzenzela amabhukwana enu amancane

Izingane zithanda ukudweba izithombe kanye nokwenza amabhukwana azo amancane. Ungaqala kalula ngokukhuthaza izingane ukudweba izithombe ezingu 3 noma ezingu 4. Ungahlanganisa amakhasi akho nge-stable noma uwathunge ukwenza ibhukwane elincane. Buza ingane yakho ngezithombe ngokuthi yini efuna ukukubhala. Bhalani nonke ngaphansi kwezithombe kanye nokufunda imisho (ama-sentence) nonke. La mabhuku ningawenza ninonke kanti futhi ingane ingenza imifanekiso kanye nemibhalo kuwo. Angaba nanganoma yiziphi izihloko, ezifana nezilandelayo: Umndeni wami; Ukuvuka ekuseni; Ukudla engikuthandayo; Ugogo wami; Ibhuku lama-alfabheti. Izingane ziyakuthanda ukwenza amabhuku ngezindaba ezizizwile.

Yenzani amabhuku ngolimi lwasekhaya kanye nolimi lwasesikoleni (uma lwehlukile kunolwasekhaya). Khumbuza izingane zakho ukunikeza amabhuku azo izihloko, igama lombali kanye nezinombolo zamakhasi. Sebenzisani ama-bubble enkulumo.




7

Imibhalo eniyibonayo

Izingane zithanda ukufunda imibhalo eziyibonayo. Ungaziprintela amagama ehlukene uzinike wona. Isibonelo, amagama ezimpawu zemigwaqo ezifana no: STOP (YIMA); amagama abhalwe emaphaketheni ezinto ezithengwayo afana no: MILK (UBISI) noma: FISH (INHLANZI); amagama ezitolo noma egaraji; enyuziphepha noma amaliflethi.

Dlalani imidlalo yamagama nonke kanye nokugcina amaliflethi kanye namabhokisi okudla angasenalutho noma nidlale ukwenza isitolo nengane yakho.



Ngaphambi kokuya esitolo, khuthaza ingane yakho ukuthi ibhale kanye nokudweba uhla lwezinto eniyozithenga esitolo. UNGAKHATHEZEKI ngokuthi amagama epeletwe kanjani, inqaba nje uma uqondisia umlayezo!


Izingane zithanda ukubhala amagama ezindawo, noma uhla lwazo lwezinto eziyothengwa.



8

Amaletha (onobumba) kanye namagama

Izingane zifunda okuningi ngamagama kanye namaletha (onobumba bamagama) lapho zidlala. Ungabhalo igama lengane esihlabathini (kwisanti). Ngale ndlela ingane ibona nokuzwa ukuthi amaletha (onobumba) benziwa kanjani. Ungenxa amagama usebenzisa ubhontshisi, izinti zikamentshiso noma ngobumba.




Dlalani imidlalo nisebenzisa amanyuziphepha noma omagazini: khetha unobumba (iletha) noma igama ebese nibona ukuthi ningalithola kangaki ekhasini. Dweba ulayini uzungeze (circle) iletha noma igama.

Dlalani umdlalo nge-chart yama-alfabhethi futhi Khetha iletha (unobumba wegama) kanye nokuthola izinto (objects) noma ukunqamula izithombe eziqala ngaleloletha (unobumba).

9

Izigi kanye namaculo

Culani nenze zonke izigi zemiculo namaculo nonke. Yabelanani nabangani nomndeni. Ninonke ningenza amabhuku ezigi namaculo. Ukwenza izigi (rhyming) kusiza izingane ukufunda ukupeleta ngokwenza kube lula ukwakha amagama ahambelanayo ngekusasa esikoleni.



10 Imidlalo yokulalela

Cela ingane yakho ukuvala amehlo ebese ilalela imisindo ehlukene. Cela ingane yakho ukuthi isho ukuthi yimisindo yani kanti ebese uyibuza ukuthi: ngabe lowo msindo ubukude noma eduzane, ubuphezulu noma ubuphansi, ngabe uyazi ukuthi yini eyenze lowo msindo?

Imidlalo eningayidlala ngemisindo ngamagama:

- Khetha iletha (unobumba) - womsindo ebese ubona ukuthi ningacabanga amagama amangaki aqala ngaleloletha (unobumba)/umsindo.
- Khetha iletha (unobumba) – umsindo kanye nomkhakha owela kuwo – ofana negama lokudla/ amagama amantombazane noma abafana ebese ubona ukuthi ngabe ungacabanga ngamagama amangaki aqala ngaleloletha (lowo nobumba).
- Dlalani nonke umdlalo we-“Ngibona ngeso lami”: Umuntu oyedwa uqala ukukhetha utho egumbini noma esithombeni. Abanye abadlali kumele baqagele igama. Isilinganiso, yiletha (unobumba) wokuqala wegama. Kumele usho umsindo weletha yokuqala yegama. Ungakhomba neletha (unobumba) kwi-chart yama-alfabhethi.
- Hlela amagama ngezingxenyenye zama-syllable azo isibonelo, po-ta-to (potato) noma i-za-mba-ne.

11 Ukuzwa kahle – Iziphakamiso

Njengoba wazi ukulalela kahle kubalulekile ekufundeni. Qaphela – uma usola ukuthi ingane yakho ayizwa kahle, ihambise ekliniki yangakini ukuze iyohlolwa izindlebe. (Sicela uthole umbiko kunesi noma udokotela ukuze ukwazi ukuwunikeza uthishela.)

12 Izibalo (maths) zimnandi – umhlaba yiklasi lethu

a. Izinombolo – ukwazi ukulandelana kwezinombolo namagama - Iziphakamiso:

Qala ngokubala izinombolo ezilula eziqala ku: I ukuya ku: 5 (isibonelo, bala iminwe esandleni esisodwa) ebese ubala ukufinyelela ku 10 nokuya phezulu; culani amaculo ezinombolo nokwenza izigi nonke; nishaye ihlombe nokudansa futhi; bhekani izinombolo eduzane nani, ezifana nezinombolo zezindlu, izinombolo zezimoto, izinombolo zocingo noma izinombolo ezikwimali.

b. ESIKWENZAYO ngezinombolo: ukusebenzisa izinombolo namagama ezinombolo, kanye nokumeshanisa izinombolo nenani lezinto - Iziphakamiso:

Balani zonke izinto zansuku zonke, nibale kuqala ukufinyelela ku 10, ebese nibala ukufinyelela ku 30; Qaphela indlela ingane yakho eqondisa ngayo izinombolo kanye namagama. Isibonelo: Singu 6, ngabe ungabala izipuni ezingu 6; Asabelane nga la maswidi angu 12 ngokulinganayo phakathi kwethu singu 4 – ngabe umuntu nomuntu uzothola amangaki? Uhafu – sika i-apule libe nguhafu, songa indwangu yetafula ibe nguhafu, khombisa isibalo samaswidi anguhafu. Lapho uyothenga, cela ingane yakho ikusizse. Ningenza nomdlalo wesitolo ekhaya, ngemali yokudlala ukwenza uhla lokuthenga.



c. Dlalani imidlalo nonke: Iziphakamiso

Dlalani umdlalo wamadayisi nonke kanye nokwenza imidlalo yenu. Ukwenza ukuthi umdlalo uhambelane neminyaka yezingane – ungenza umdlalo ofanele izingane ezindala?

Qikelela ukuthi umdlalo ube NGO|ABULISAYO hhayi ukuquhadelana.



Ukudlala umdlalo ngamatshe angu 5

d. Ukuxazulula izinkinga – Iziphakamiso:

Khuthaza ingane yakho ukusiza ukuxazulula izinkinga ezilula zansuku zonke kanye nokuthola izixazululo ezilandela umqondo (logical solutions). Isibonelo: “Singabantu abangu 6 kanti nginama-apula angu 3 – ngabe singalihlukanisa kanjani i-apula ngokulinganayo?” noma “ngiya esitolo ukuyothenga ubisi. Lubiza u-R5.00 kodwa ngino-R3:00 kuphela. Ngabe ngizodinga malini engaphezulu?”



e. Ukwenza isilinganiso – Iziphakamiso:

Khuthaza izingane ukucabanga kanye nokuthola izimpendulo ezilandela umqondo kwizinkinga ezilula noma imibuzo. “Ngabe kunamazambane amangaki kuleli phakethe? Ngabe ucabangani? Asihlole.”


f. Ukumeshanisa, ukuhlela ngokuhambelana, ukubheka amaphetheni kanye nokukhuluma ngemibala – Iziphakamiso:

Ningaqala ngokubheka amaphetheni kwimvelo, isibonelo kumagobolondo noma amaqbunga kanye nokukhuluma ngokuthi ngabe afana kanjani noma ehlukene kanjani. Yenza ukuthi izingane zihlele izinto ngokuhambelana ekhaya, izinto ezifana nempahla ezowashwa, izinkinobho, izipikili noma izikurufu, ebese nikhuluma ngokuthi zifanana kanjani noma zehlukene kanjani. Zonke lezi zinto zisiza izingane UKUQAPHELA kakhulu. Ziyisisekelo sokwakhela izibalo (maths) nesayense kanye nokusiza izingane ukuqala ukufunda nokubhala.

g. Ama-puzzles – zenzeleni ama-jigsaw puzzle alula -

Iziphakamiso:

Sika izithombe ezimbili ezifanayo (noma uziphebe). Namathelisa izithombe kwisiqeshana sekhadibhodi, ebese uzipheboza ngeplastiki ecacile. Zisike zibe zincezwana ezinhlanu (noma ezingaphezulu ezinganeni ezindadlana.) Izingane kumele zihlanganise isithombe, zisebenzisa isithombe sesibili njengesibonelo.



h. Ukuqondiswa kanye nokukhulumu ngezikali –


Iziphakamiso:

Kalani nokulinganisa izinto nonke ekhaya. Isibonelo: kalani ubude bamalunga omndeni, ngokusebenzisa isandla sakho noma isandla sengane ukuqala kamuva ningasebenzisa irula. Phekani nonke kanti futhi nikale ukuthi nisebenzisa izithako (ingredients) ezingakanani. Dlalani umdlalo wokugxuma we-long jump nikale ukuthi umuntu ugxuma kangakanani. Khulumani ngobude nobufishane. Kalani izicathulo emndenini wenu kanye nokuzihlela ngolayini ukusukela kwezinca ne ukuya kwezinkulu.



i. Ukwazi ngezikhala kanye namasheyiphu noma umumo (shape) – Iziphakamiso:

Khulumani ngamabhokisi namabhodela – yini umehluko? Yebo, amakhona nokungabi namakhona! Kungani sikhazi ukuginqa ibhola? (Ngoba awekho amakhona ebholeni – liyindingilizi kanti ibhokisi linamakhona – liyi-cube.) Manje khulumani ngezinhlangothi zebhokisi – ngabe linomumo onjani? Isikwele noma i-rectangle. Bhekani ama-rectangle noma izikwele ngaphakathi egumbini. Ebese nibheka izindingilizi (circles) kanye nonxantathu (ama-triangle). Qhubeka nokubuza imibuzo efana nelandelayo: yiyiphi enkulu/encane? Ngabe i-triangle (unxantathu) unamakhona amangaki? Thola izibonelo zokudla okunomumo we-triangle, okufana namasamishi, ama-samoosa noma amaswidi ehlukene. Sikani ama-shape nonke ebese nenza isithombe nonke. Ukwakha ama-tower (imibhishongo) kanye nama-castle nonke, ngokusebenzisa amabhloki okhuni, noma izinto ezinqanyuliwe.



13

Izinombolo eziwusizo zokuxhumana kanye nemithombo yosizo

Iziphakamiso ngekhasi langemuva: Fakela uhla lwemithombo ewusizo kanye nezinombolo zokuxhumana. Lokhu kungabandakanya isikole sendawo, ihhovisi ledistriki yesikole, ilayibrari, isiteshi samaphoyisa kanye nesiteshi sezicima-mlilo. Kanti futhi bandakanya nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulueni, ezifana nezinhlangano zezenhlalakahle yezingane nezempiro.

Igama lendawo

Izinombolo zocingo